## UNKULUNKULU UNGUBABA WAKHO WASEZULWINI OTHANDEKAYO

uNkulunkulu unguBaba wakho waseZulwini. Uyakwazi futhi uyakuthanda ngaphezu kokwazi kwakho. Ufuna wena uphumelele kulempilo futhi nakunaphakade.

*uBaba wethu waseZulwini ubuyise— iqiniso elibuyisiwe— elingcwele lelo ongalifunda uphinde uliphile. Lamaqiniso ambulelwa abaprofethi kusukela ekuqaleni.*

Ukufeza lenjongo, uBaba waseZulwini ulethe iplani elibizwa ngokuthiwa ivangeli* likaJesu Kristu. uJesu Kristu uyindodana kaNkulunkulu; Impilo kanye nemfundiso Yakhe ziyisiluleko soxolo kulempilo kanye nenjabulo engunaphakade.

## IVANGELI LIBUSISA IMINDENI KANYE NOMUNTU EYEDWA.

Ivangeli likaJesu Kristu libusisa bonke abalamukelayo futhi abaliphilayo. Izindawo ezilungele ukufundisa kanye nokusebenzisa ivangeli kusemindenini. uNkulunkulu uqambe imindeni ukuze kube nenjabulo kubantwana Bakhe, sivumeleke ukufunda umthetho olungileyo endaweni enothando, futhi silungiseleleke ukubuyela Kuye emva kokufa kwethu. Noma ubuhlobo emindenini bunzima ngesinye isikhathi, uBaba waseZulwini uyasibusisa njengoba sizama ngamandla ethu ukulandela imfundiso kaJesu Kristu. Lezizifundo zisisiza siqinise imindeni yethu.

## UBABA WASEZULWINI UVEZA IVANGELI LAKHE

Njengengxenye yeplani Lakhe, uNkulunkulu ukhetha abaprofethi, njengoAdamu, uNowa, uAbrahamu, kanye noMose. Abaprofethi:

- Bafundisa ngoNkulunkulu futhi bangofakazi abakhethekileyo beNdodana Yakhe, uJesu Kristu.

* Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

- Bathola isambulo, noma ukukhonjiswa okuvela eNkosini.
- Bafundisa ivangeli emhlabeni futhi bahumushe izwi likaNkulunkulu.

Abaprofethi bathola ubupristi, noma igunya lokukhuluma futhi nokusebenzisa igama likaNkulunkulu ukuhola abantwana Bakhe. Abantu abalandela abaprofethi bathola izibusiso uNkulunkulu azithembisile. Labo abangalamukeli ivangeli kanye nabaprofethi bakaNkulunkulu bahlukana nalezo zibusiso futhi baziqhelelisa noNkulunkulu. Labo abangamukeli abaprofethi futhi abayeka ukuzibophezelela ekulandeleni uNkulunkulu basesimweni esibizwa ngokuthiwa ukuhlubuka.

*Amaqiniso aveziweyo ayalahleka njengoba abantu bangamukeli abaprofethi.*

Noma-ke abaningi abantwana Bakhe baqhubekile belahla Yena kanye nabaprofethi Bakhe, uBaba waseZulwini uyaqhubeka ukuthanda abantwana Bakhe. Ufuna ukusinika konke esikudingayo ukuba sijabule manje futhi sibuyele Kuye emva kokufa kwethu. Izincwadi ezingcwele ziveza indlela kaNkulunkulu ngokuphindaphindekile efinyelela kubantwana Bakhe, noma-ke singalaleli njalo.

- uNkulunkulu ukhetha umprofethi.
- Umprofethi ufundisa ivangeli futhi ahole abantu.
- uNkulunkulu ubusisa abantu.
- Abantu kancane kancane abanandaba noma abalaleli imfundiso yomprofethi. Ekugcineni balahle umprofethi kanye nemfundiso yakhe bese bangene ekuhlubukeni.
- Ngenxa yokuhlubuka, abantu balahlekelwa ulwazi lwevangeli. Igunya lobupristi liyasuswa phakathi kwabo.
- Uma isikhathi silungile futhi abantu balungele ukulandela Yena futhi, uNkulunkulu ukhetha omunye umprofethi,

*Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

***Abaprofethi beTestamente Lakudala babhala amazwi kaNkulunkulu.***

abuyise ubupristi kanye neBandla, futhi atshengise umprofethi ngokufundisa ivangeli.

## uJesu Kristu Waqamba iBandla Lakhe

Kusukela esikhathini seNdalo, abantwana bakaNkulunkulu balinda ukuza koMsindisi uJesu Kristu. Njengoba wathembisa, uBaba waseZulwini wathumela iNdodana Yakhe, uJesu Kristu, emhlabeni ngaphezu kweminyaka engu 2,000 eyadlula.

uJesu Kristu waphila impilo ehlabahlosile, enganasono. Waqamba iBandla Lakhe, wafundisa ivangeli Lakhe, futhi wenza izimanga eziningi. Wakhetha amadoda ayishumi nambili ukuba babengaba postoli Bakhe, kanye noPeter, uJames, futhi noJohane. Wabafundisa futhi wabanikeza igunya lobupristi ukuze bafundise ngegama Lakhe futhi benze izimiso ezingcwele, njengo kubhabhadiswa.

Ngenkathi uJesu eqamba iBandla Lakhe, wathola imiyalelo evela kuBaba waseZuwlini. Wase eyala abalandeli Bakhe. uJesu wafundisa abalandeli Bakhe ukuthi isambulo esivela kuNkulunkulu kwakuyitshe ayezo kwakhela kulona iBandla Lakhe.

*uJesu Kristu wahlela iBandla Lakhe:*

- *Wabiza futhi wagcoba abaPostoli.*
- *Wabanikeza igunya Lakhe lokufundisa kanye nokubhabhadisa. Leligunya libizwa ngokuthiwa ubupristi.*
- *Emva kokufa kanye nokuVuka kwabafileyo Kwakhe, Waqhubeka nokuhola abaPostoli ngesambulo.*

Ekugcineni kwempilo Yakhe, uJesu Kristu wahlupheka futhi wafela izono zawonke umuntu oke waphila noma ozakuphila emhlabeni. Lomnikelo ubizwa ngokuthiwa Ukuhlawulelwa. Ngokuhlupheka Kwakhe, ukufa, kanye Nokuvuka Kwabafileyo, uMsindisi wenza kwakhonakala ukuba sixolelwe. Labo abanokholo Kuyena, bayaguquka, futhi abagcina imiyalelo Yakhe bathola ukuxolelwa kwezono futhi bathola uxolo kanye nenjabulo.

* Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

***uJesu wanikeza ubupristi kubaPostoli Bakhe.***

Emva Kokuvuka Kwakhe Kwabafileyo, uJesu Kristu wahola abaPostoli Bakhe ngesambula. iBhayibheli libhala izindlela ezingi lapho Yena waqhubeka ngokubonisa iBandla Lakhe (bona Izenzo 10; Isambulo 1:1). Ngakho-ke iBandla likaJesu Kristu laholwa nguNkulunkulu hhayi ngabantu.

## UKUHLUBUKA OKUKHULU

Emva kokufa kukaJesu Kristu, abantu abakhohlakele bashushisa futhi babulala amulungu amaningi eBandla. Amalungu amanye eBandla ashiya imithetho eyafundiswa nguJesu Kristu kanye nabaPostoli Bakhe. AbaPostoli babulawa, kanye negunya lobupristi—futhi nezikhiye zokubonisa kanye nokuthola isambulo seBandla—zathathwa emhlabeni. Ngokuba iBandla lalingasaholwa igunya lobupristi, iphutha lenzeka kwizifundo zeBandla. Abantu abalungile kanye neqiniso lasala, kepha ivangeli elaqanjwa nguJesu Kristu lalahleka. Lesisikhathi sibizwa ngokuthiwa Ukuhlubuka Okukhulu.

*Ngokufa kwabaPostoli bakaJesu Kristu, iqiniso lalahleka futhi.*

Lokuhlubuka kwenzeka ngenxa yamabandla amaningi anezimfundiso eziphikisanayo. Ngalesikhathi, abaningi besilisa nabesifazane bafuna iqiniso, kepha azange balithole. Abantu abaningi abalungileyo babekholelwa kuNkulunkulu kanye noJesu Kristu futhi bazama ukuzwisisa kanye nokufundisa iqiniso, kepha abazange babenalo ivangeli eliphelele noma igunya lobupristi. Ngenxa yalokho, isizukulwane ngasinye sathola isimo sokuhlubuka njengoba abantu babethola imfundiso evela kwizizukulwane ezadlula, kanye noshintsho kwivangeli likaKristu.

Abanye ababenogqozu, njengo Martin Luther kanye noJohn Calvin, babona ukuthi izimiso kanye nemfundiso yayishintshiwe noma yalahleka. Bazama ukubuyisa amabandla lawo ababekhonza kuwona. Ngaphandle kwegunya lobupristi, kepha, ivangeli likaKristu azange likwazi ukubuyela esimweni salo sakuqala. Ukubuyiswa kwakudingekile.

*Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

*uNkulunkulu wayazi ukuba kwakuzoba nokuhlubuka. Ngomprofethi weTestamente Lakudala, Wathi:*

*"Bheka, izinsuku ziyeza . . . lapho ngizoletha indlala ezweni, hhayi indlala yesinkwa, hhayi ukomela amanzi, kepha ukuzwa amazwi weNkosi:*

*"Futhi [abantu] bazakuphithizela ulwandle nolwandle, futhi kusukela enyakatho kuya empumalanga, bazakugijima bayephambili nasemuva bafune izwi leNkosi, futhi bangalitholi."*

**uAmosi 8:11–12**

## UKUBUYISWA KWEVANGELI

Ngo 1820, njengoba Yena akwenza kumlando wonke, uBaba waseZulwini waphinda wakhetha umprofethi ukuba abuyise ivangeli kanye nobupristi emhlabeni. Umprofethi loyo ogama lakhe kungu Joseph Smith. Njengomfana osemcane, uJoseph wayedidikile ngokuhluka phakathi kwamaqembu amaningi endaweni yakhe futhi wayefuna ukwazi ukuthi yiliphi iqembu elangempela. Ezazi ukuba wayenganako ukuhlakanipha, walandela umyalo otholakala eBhayibhelini, "Uma omunye wenu engenalwazi, makabuze kuNkulunkulu, okunguyena onike wonke umuntu ngomusa, futhi engasoli; futhi luzakunekezwa kuye," (uJames 1:5).

uJoseph Smith wakhetha ukubuza uNkulunkulu ukuthi angenzenjani. Ngenkathi uJoseph ethandazela ukwazi iqiniso, uBaba waseZulwini kanye noJesu Kristu baziveza kuye.uMsindisi watshela uJoseph ukuba angajoyini noma yiliphi iBandla, "ngokuba wonke ayengalungile" futhi beza eduzane nami ngezindebe zomlomo wabo, kepha izinhliziyo zabo zikude nami, bafundisa imfundiso yobuKristu imiyalelo yabantu, nesimo sobuNkulunkulu, kepha baphika amandla emva kwalokho" uJoseph Smith—Umlando 1:19.

Njengoba uNkulunkulu enza kuAdamu, uNowa, uAbrahamu, uMose, kanye nabanye abaprofethi, Wabiza uJoseph Smith ukuba abe ngumprofethi, ngaye ivangeli eliphelele labuyiswa.

*uJoseph Smith wabona uBaba waseZulwini kanye noJesu Kristu. Kulesisifundo, wathi:*

*"Ngabona insika yokukhanya ngqo phezu kwekhanda lami, ngaphezu kokukhanya kwelanga, okwehlela kancane kancane kwaze kwawela phezu kwami. . . .*

*"Ngenkathi ukukhanya kuhlezi phezu kwami ngabona Abantu, ukukhanya kwakhona nokukhazimula kwashaya indiva konke okuchazwayo, bemile ngaphezu kwami emoyeni. Oyedwa wabo wakhuluma nami, engibiza ngegama wase ethi, ekhomba komunye—*

Lona yiNdodana Yami Ethandekayo. Mlalele!"

**uJoseph Smith—Umlando 1:16–17.**

***uBaba waseZulwini kanye noJesu Kristu baziveza kuJoseph Smith, njengoba kubonisiwe kwifilimu* Ukubuyiswa.**

## Ukubuyiswa kobuPristi

Ngo1829, uJoseph Smith wathola igunya lobupristi elifana nalelo uJesu Kristu alinikeza abaPostoli Bakhe. uJohane um-Bhabhadisi, owabhabhadisa uJesu, waziveza kuJoseph Smith, futhi wamnikeza ubuPristi bukaAroni, noma ubupristi obuncane. uPeter, uJames, kanye noJohane (abapostoli abathathu bokuqala bakaJesu Kristu) babeka izandla zabo kuJoseph Smith kanye noOliver Cowdery futhi banikeza ubuPristi bukaMelkhezedikhi.

Emva kokuthola igunya lobupristi, uJoseph Smith watshengiswa ukuba ahlele iBandla likaJesu Kristu futhi emhlabeni. Ngaye, uJesu Kristu waphinda wabiza abaPostoli Abayishumi Nambilili.

*uJesu Kristu wathumela uJohane umBhabhadisi kanye nabaPostoli Bakhe abathathu ukuba banikeze uJoseph Smith igunya lobupristi.*

Njengoba uJesu Kristu ahola abaPostoli Bakhe ngesambulo emva Kokuvuka Kwakhe Kwabafileyo, Uyaqhubeka uhola iBandla namuhla ngabaprofethi kanye nabapostoli abaphilayo. uMongameli weBandla likaJesu Kristu Labangcwele Bezinsuku –zokugcina ungumprofethi okhethiwe nguNkulunkulu namuhla. Yena, abaluleki bakhe, kanye nabaPostoli Abayishumi Nambili baphethe igunya lobupristi elaliphethwe ngabobonke abaprofethi kanye nabapostoli bezikhathi ezadlulayo. Lamadoda angabaprofethi, ababoni, kanye nabembuli.

* Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

***uPeter, uJames, kanye Johane—Abapostoli bakaJesu Kristu—banikeza ubuPristi bukaMelkhezediki kuJoseph Smith.***

## INCWADI KAMOMONI

Njengengxenye Yokubuyiswa kwevangeli, uNkulunkulu waletha iNcwadi kaMomoni: Enye Itestamente kaJesu Kristu. Ngamandla kaNkulunkulu, uJoseph Smith wahumusha lencwadi evela kumbhalo wakudala ebhalwe kumapuleti wegolide. Incwadi kaMomoni ingu "mbhalo kaNkulunkulu mayelana nabanye ababehlala esikhathini sakudala eMelika futhi iphethe ivangeli elingunaphakade eliphelele" (isingeniso seNcwadi kaMomoni).

> *Ungakwazi ukuthi lokho abafundisi bezenkolo abakufundisile kuyiqiniso uma ufunda futhi uthandazela iNcwadi kaMomoni.*
>
> *"Uma uzakucela ngokuzithoba kwenhliziyo, ngenhloso yangempela, ukholelwe kuKristu, uzakuveza iqiniso layo kuwe, ngamandla woMoya oNgcwele.*
>
> *"Futhi ngamandla woMoya oNgcwele uzalazi iqiniso lezinto zonke."*
>
> **uMoroni 10:4–5**

Incwadi kaMomoni ingubufakazi obunamandla kaJesu Kristu. Isisiza sikwazi ukuqonda imfundiso Yakhe, kanye naleyo eseBhayibhelini.

Incwadi kaMomoni ingubufakazi olwanelekisayo lokuBuyiswa kwevangeli ngoJoseph Smith. Ungazazela ngokwakho ukuthi iNcwadi kaMomoni iyiqiniso. Ukuthola lolwazi, kumele uyifunde, udlinze ngomlayezo wayo, futhi ufise ukwazi ukuthi iyiqiniso. Kumele ucele kuBaba waseZulwini ukuba aqinisekise ukuthi kuyizwi Lakhe. Njengoba wenza njalo, Uzakwembulela ngo Moya Ongcwele ukuthi kuyiqiniso.

Njengoba uthola ukwazi ukuthi iNcwadi kaMomoni iyiqiniso, futhi uzokwazi ngoMoya oNgcwele ukuthi uJoseph Smith wayengumprofethi kaNkulunkulu, ukuthi ivangeli likaJesu Kristu labuyiswa ngaye, nokuthi iBandla likaJesu Kristu Labangcwele Bezinsuku-zokugcina liholwa ngumprofethi kanye nabapostoli namuhla.

*Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

***Ukuvakasha kaJesu Kristu eMelika kwabhalwa eNcwadini kaMomoni.***

## Ngingakwazi Kanjani?

Ungakwazi ukuthi lomlayezo uyiqiniso. Uma ucela kuBaba wakho waseZulwini ngomthandazo, ungathola impendulo evela Kuyena ngoMoya oNgcwele. uMoya oNgcwele uphinde ubizwe ngokuthiwa uMoya kaNkulunkulu, futhi eminye yemisibenzi wawo ukuba ngufakazi, noma ukubeka ubufakazi, beqiniso.

*Ngithandaza Kanjani?*

- *Biza uBaba wakho waseZulwini.*
- *Khombisa imizwa yenhliziyo yakho (ukubonga, imibuzo, isicelo sokuqinisekisa ukuthi iNcwadi kaMomoni iyiqiniso nokuthi yini abafundisi bezenkolo abayifundisile).*
- *Vala ("Ngegama likaJesu Kristu, Amen").*

Lolulwazi lingabayisimangaliso futhi lishintshe impilo, kepha livamise ukuza njengesiqiniseko esinokuthula, ngaphandle kokubonakala kwamandla kaNkulunkulu amangazayo. uMoya Ongcwele ubeka isiqiniseko seqiniso ngemizwa, imicabango, kanye nokulinganisa. Njengoba kwafundiswa eBhayibhelini, "Isithelo soMphefumulo uthando, injabulo, ukuhlupheka isikhathi eside, ubumnene, ukulunga, ukholo, ukuzithoba, [kanye] nokuziphatha" (AbaseGalathiya 5:22–23). Lemizwa evela kuMoya oNgcwele iyisambulo sakho sokuthi ivangeli likaJesu Kristu njengoba libuyisiwe ngoJoseph Smith liyiqiniso. Ngakho-ke uzakudinga ukukhetha ukuba ungakwazi ukuphila ngoxolo olunolwazi olutholile.

***Ungalazi iqiniso ngomthandazo wangempela.***

# UHLELO LWEZIMO

**Ubupristi bukaAroni** Ubupristi obuncane. Ubupristi buphethelene negunya lokubhabhadisa futhi buqanjwe ngoAroni kwiTestamente Lakudala eBhayibhelini.

**Ukuhlubuka** Uma abantu ngamunye, iBandla, noma isizwe siyekela noma silahla ivangeli likaJesu Kristu. Ukuhlubuka kwenzeka ngenxa yokuhlukana, ukudideka, kanye nokulahlekelwa igunya lobupristi, noma imvume yokusebenza ngegama likaNkulunkulu.

**uMpostoli** Ibizo uJesu Kristu alinikeza amadoda ayishumi nambili Abakhetha njengabangane abasondelene Naye kakhulu ngesikhathi sehhovisi Lakhe emhlabeni futhi labo abanikeza igunya lokuba balisebenzise egameni Lakhe. Esikhathini samanje, uJesu Kristu ubize amanye amadoda ukuba asebenze njengabaPostoli Bakhe. Njengasezikhathin i ezadlula, uMpostoli ungufakazi okhethekile kaJesu Kristu futhi unegunya elivela Kuye.

**Ukuhlawulelwa** Isehlakalo leso esenza thina sixolelwe nguNkulunkulu.Ukuhlawula ukuhlupheka ngokuhlawula ngokwezono, ngalokho kususwe izinto zesono kulabo ekade bayizoni eseziguqukile. uJesu Kristu kwakunguyena kuphela owayekwazi ukwenza Ukuhlawulelwa okuphelele kawonke umuntu. Ukuhlawulelwa Kwakhe kwaletha ukhluphekela izono zethu, ukuchitheka kwegazi Lakhe, kanye nokufa Kwakhe futhi Nokuvuka Kwabafileyo. Ngenxa yokuHlawulelwa, wonke umuntu oyewaphila uzakuvuka kwabafileyo. Ukuhlawulelwa kuphinde kusinikeze indlela yokuxolelwa izino zethu futhi siphile ingunaphakade kanye noNkulunkulu.

**ukubhabhadisa** Isinyathelo esibaluleke kakhulu ekhutholeni ukuxolelwa kwezono. Ngokubhabhadiswa kanye nokuqiniswa ngegunya lobupristi, sibangamalungu eBandla likaJesu Kristu Labangcwele Bezinsuku-zokugcina. Ukubhabhadiswa ngokucwiliswa, kusho ukuthi umuntu obhabhadiswayo ufakwa phakathi emanzini okwesikhashana. Ukubhabhadiswa kubonisa isifiso sokulandela isibonelo sikaKristu kanye nokwenza isivumelwano kanye noNkulunkulu.

**iVangeli** Ipulani likaBaba waseZulwini ukusiza thina sibe nokuthula kulempilo kanye nenjabulo engunaphakade. Ivangeli liqondiswe eKuhlawulelweni kuka Jesu Kristu futhi kudingekile ukuba

sibe nokholo Kuyena, siguquke, sibhabhadiswe, sithole uMoya oNgcwele, futhi sibekezele kuze kube sekugcineni.

**uMoya Ongcwele** Uphinde ubizwe ngokuthiwa, uMoya kaNkulunkulu, kanye Nomduduzi. Ungufakazi, noma ubeka ubufakazi, bukaBaba waseZulwini kanye noJesu Kristu futhi uveze uphinde ufundise iqiniso.

**Ubupristi bukaMelkhezedikhi** ubuPristi obuphakeme noma obukhulu. Buqanjwe ngoMelkhezedikhi kwiTestamente Lakudala eBhayibhelini, owayelungile engumpristi ophakeme futhi eyinkosi.

**Izimiso** Isenzo esingcwele, esivumelekile esenziwa ngegunya lobupristi. Isibonelo ukubhabhadiswa.

**ubupristi** Igunya kanye namandla kaNkulunkulu. uNkulunkulu unikeza lamandla kumuntu owesilisa ukuba awasebenzise egameni Lakhe. UbuPristi bukaAroni kwabuyiselwa kuJoseph Smith ngu Jahane umBhabhadisi, owabhabhadisa uJesu. UbuPristi buka Melkhezedikhi kwabuyiselwa nguPeter, uJames, kanye noJohane, abathathu kubaPostoli bakaJesu abayishumi nambili.

**Ukubuyiswa** Ukwenza into ibe njengoba yayinjalo; ukuyiqala kabusha; ukuphindisela emuva isiyintsha. Emva kokuba iqiniso kanye negunya lilahliwe emhlabeni, ivangeli labuyiswa nguMprofethi uJoseph Smith. Ukubuyiswa kwehlukile kunokuqamba kabusha ngokuthi uku*qamba kabusha* kusho ukushintsha inhlangano eseyikhona noma isenzo ngokuzama ukusibuyisela esimweni sayo sokuqala *ukubuyiswa* kusho ukwenza kabusha inhlangano yokuqala noma isenzo ekupheleleni kwaso.

**Ukuvuka kwabafileyo** Emva kokufa ngokomzimba, ukubuyiselwa komoya kanye nomzimba wenyama futhi namathambo. uJesu Kristu waba ngowokuqala ukuvuka kwabafileyo.

**isambulo** Ukukhuluma phakathi kukaNkulunkulu kanye nabantwana Bakhe, ngokujwalekile kuvela kuMoya oNgcwele. Abantu bangothola isambulo sokuhola izimpilo zabo, kepha kuphela umprofethi okhethwe nguNkulunkulu ongathola isambulo somhlaba wonke. Isambulo siza ngezimo eziningi, kepha esikhathini esiningi siza ngemicabango, imizwa, kanye nokulinganisa.

## ISIFUNDO ESINGEZIWEYO

Imibuzo elandelayo kanye nemibhalo yezenkolo ingakusiza ukwazi ukufunda kabanzi ngemithetho kulephamflethi futhi udlinze ngayo. Uhlelo aluphelele; imibhalo engezansi futhi nemibhalo engcwele eqhathanisiwe izakukhombisa imigqa engeziwe kanye nezinto ezingasetshenziswa ngalemithetho.

**Kusho ukuthini kuwe ukuthi uNkulunkulu unguBaba wakho waseZulwini?**

uMalakhi 2:10 (iBhayibheli, iTestamente Elakudala)

AmaHeberu 12:9–10 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)

**Uyini umsebenzi womprofethi? Yingani kubalulekile ukwazi ukuthi uNkulunkulu ukhuluma nabaprofethi?**

uAmosi 3:7 (iBhayibheli, iTestamente Lakudala)

uJakobe 4:4–6 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 124)

**Kusho ukuthini ukuba negunya lobupristi? Umuntu ulithola kanjani leligunya?**

uMatewu 10:1 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)

uJohane 15:16 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)

**Kwenzekani uma leligunya lilahlekile?**

uAmosi 8:11–12 (iBhayibheli, iTestamente Lakudala)

1 uNifayi 13:24–29 (iNcwadi kaMomoni, amakhasi 25–26)

**AbaPostoli bakaJesu kade bazi ukuthi ukuhlubuka kuzokwenzeka na?**

Izenzo 20:28–31 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)

2 AbaseThesolinika 2:2–3 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)

2 uThimothi 4:3–4 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)

**Kusho ukuthini kuwe ukuthi ivangeli likaJesu Kristu libuyisiwe ngoJoseph Smith?**

*Ubufakazi boMprofethi uJoseph Smith* (iphamflethi)

**Iyini iNcwadi kaMomoni? Yingani ingubufakazi bokubizwa kukaJoseph Smith njengomprofethi?**

Ibizo lekhasi leNcwadi kaMomoni

Isingeniso seNcwadi kaMomoni

**Uyini umsebenzi woMoya oNgcwele?**

uAlma 5:45–47 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 221)

uMoroni 10:3–5 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 529)

# Khonza Nathi

## Woza Futhi Uzobona Ukuthi Ivangeli Elibuyisiwe Lingabusisa Kanjani Impilo Yakho



Umhlangano wesidlo sangesonto uwona msebenzi wokukhonza omkhulu. Uvamise ukuthatha ngaphezudlwana kwehora futhi uvamise ukuphathelana naloku okulandelayo:

*Amaculo:* Aculwa yibandla. (Izincwadi zamaculo zinikeziwe.)

*Imithandazo:* Inikezwa ngamalungu eBandla lendawo.

*Isidlo sangesonto:* Isinkwa kanye namanzi ayabusiswa futhi adluliselwe ebandleni ukukhumbula Ukuhlawulelwa kukaJesu Kristu.

*Abakhulumi:* Kuvamise oyedwa noma ababili abangamalungu ebandla anikeziwe ukukhuluma ngezindaba zevangeli.

*Ukugqoka:* Amadoda kanye nabafana bavimise ukugqoka amasudu noma amabulukwe kanye nehhembe nothayi. Abesifazane kanye namantombazane bagqoka amalokwe noma iziketi.

Umnikelo awuvumelekile ngesikhathi somsebenzi wokukhonza.

Siphinda sikumeme ukuba uye emhlanganweni eminye, kuya ngokuthanda kwakho kanye neminyaka yobudala okuyona. Uhlelo kanye nokuba khona kwalemihlangano ingashintsha.

*Iklasi langeSonto:* Amaklasi wokufunda imibhalo engcwele kanye nemfundiso yevangeli.

*Imihlangano yobupristi:* Amaklasi wabesilisa kanye nabafana beminyaka engu 12 nangaphezulu.

*Inhlangano Yabesimame Yenkululeko:* Amaklasi wabesimame beminyaka engu 18 nangaphezulu.

*Abesifazane abasebasha:* Amaklasi wamantombazana beminyaka engu 12 ukuya ku 18.

*Iklasi lezingane:* Umsebenzi weqembu kanye neklasi lezingane ezineminyaka engu 3 ukuya ku 11. Iklasi lezingane ezincane ezinezinyanga ezu 18 ukuya kwiminyaka engu 3 ubudala zikhona ngasosonke isikhathi.




Isikhathi senhlangano yesidlo sangesonto:____________________

Intshumayelo evela endlini yokukhonzela:____________________

____________________________________________________________

# *Ngingenzani?*




- *Funda iNcwadi kaMomoni.*

  *Ukufunda okucatshangiwe:*________________

  ________________________________________

  ________________________________________

  ________________________________________

- *Thandaza ukuba wazi ukuthi uJoseph Smith wayengumprofethi nokuthi iNcwadi kaMomoni iyizwi likaNkulunkulu.*

- *Iya esontweni.*

- *Thatha isinqumo sokwazi ukuba ungakwazi ukulandela uMsindisi ngokuba ubhabhadiswe. Usuku lokubhabhadiswa:*

  ________________________________________

- *Vakashela e www.mormon.org ukuba ufunde kabanzi ngevangeli elibuyisiwe likaJesu Kristu.*

- *Qhubeka uhlanganyele nabafundisi bezenkolo ukuze ufunde kabanzi ngeqiniso uNkulunkulu alibuyisile ngabaprofethi bezinsuku-zamanje.*

  *Isikhathi sokuhlangenyela esibekiwe ngokuzayo:*____________

*Amagama kanye nezinombolo zocingo zabafundisi bezenkolo:*

________________________________________

________________________________________

IBANDLA LIKA
JESU KRISTU
LABANGCWELE
BEZINSUKU ZOKUGCINA

www.mormon.org

**Isithombe esinconyiwe**
Isamukelo: *Imvu Yolahleko,* ngu Del Parson. © Del Parson.Ungaphindi
Ikhasi 5: Umniningwane ovela ku *Umprofethi uIzaya uhlaziya Ngokuzalwa kukaJesu,* ngu Harry Anderson
Ikhasi 6: Umniningwane ovela ku *Kristu Egcoba Abapostoli Abayishumi Nambili,* ngu Harry Anderson
Ikhasi 13: Umniningwane ovela ku *Ukubuyiswa kobuPristi bukaMelkhezedikhi,* ngu Kenneth Riley
Ikhasi 14: Umniningwane ovela ku *uJesu Kristu Evakashela abaseMelika,* ngu John Scott

© 2012 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Ubhalwe eUSA
Isingisi esivunyelwe: 1/06. Ukuhumusha okuvunyelwe: 01/06.
Ukuhumushwa *The Restoration of the Gospel of Jesus Christ.* isiZulu. 01196 783

ZULU
4 02011 96783 7
01196 783